NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2020

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU A ISIFUNDO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 USabatha (½)

1.2 UDokotela Kabza (½)

1.3 Yi-WhatsApp (1)

1.4 Eyishumi nesithupha (1)

1.5 Mfowethu (1)

1.6 Ugogo wajabula ukusibona/ Ugogo wasitshela ukuthi bayochitha iholidi labo eThekwini/ Ugogo wayezama ukushayela ubaba ucingo angaphenduli. (1)

1.7 1.7.1 umkakhe. (1)

1.7.2 ilanga. (1)

1.8 Bachitha isikhathi esiningi bendawonye/ bayahamba ngamaholidi ukuya eThekwini/ bathumela izithombe zabo enkundleni yezokuxhumana okwenza umphakathi ubone ukuthi bajabulile. (2)

1.9 1.9.2 Ilanga seliyoshona/ yintambama/ ukuphela kosuku. (1)

1.9.2 Ukudla okumnandi/ ukudla okubukeka kumnandi/ ukudla okunephunga elimnandi/ ukudla okunuka kahle. (1)

1.10 Yingoba uthi uphumelela kahle esikoleni/ Yingoba uma enenkinga ucela usizo endaweni efanele. (1)

1.11 Kungenzeka ukuthi wayepakisha izimpahla/ mhlawumbe wayefuna ukunika umyeni wakhe nezingane isikhathi/ wayengathandi ukuhamba nabo. **Nokunye okunembayo**. (1)

1.12 Umfundi uzoziqambela isihloko asithandayo, inqobo nje uma sihambelana nendaba futhi amagama emabili kuya kwamahlanu esihlokweni.

Isibonelo: USabatha nomndeni wakhe/ Umndeni kaSabatha/ Inkinga yomzali ongenasikhathi sezingane zakhe. **Nokunye okunembayo**. (1)

IEB Copyright © 2020

1.13 Umfundi uzozikhethela. Isibonelo:

- **Ubaba kaSabatha/uSthe**
  - Ungumuntu omatasatasa/ unothando ngoba uthanda umkakhe/ akanaki ngoba akaboni uma izingane zakhe zimudinga.
- **Umama kaSabatha**
  - Ungumuntu onothando ngoba uchitha isikhathi nezingane zakhe.
  - Usebenza kanzima ngoba endabeni kunobufakazi lapho uSabatha ethi uyawuthanda umsebenzi wakhe.
- **Umama kaSabatha omusha**
  - Ungumama omuhle ngoba akabahlukumezi abantwana bomyeni wakhe.
  - Akanaki ngoba akabanaki abantwana bomyeni wakhe.
  - Uzothile/ uyasiqonda isimo ngoba unike umyeni wakhe nezingane isikhathi sokuhamba bodwa. (2)

1.14 Uvo lomfundi. Isibonelo: Sabatha, qhubeka nokuthanda imfundo, unakekele umama wakho nomfowenu ubheke phambili. Ubaba wakho uzosibona isikhala senu uma ningafiki ngamaholidi bese efunda emaphutheni akhe/ khuluma nobaba wakho umqonde umtshele ukuthi wena uzizwa kanjani. (2)

[18]

UMBUZO 2

2.1 2.1.1 Yiqiniso. (1)

2.1.2 Yiqiniso. (1)

2.2 Ukhathazwa ngukuthi uXo akasalethi umkhwenyana ukuze amubone/ uXo akaganile/ uzoze afe engambonanga umkhwenyana kaXo. (1)

2.3 umkhwenyana. (1)

2.4 Umuntu wesifazane osekhulile ongashadile/ongaganile. (1)

2.5 Yingoba uthi yena useyoze afe okungamagama avamise ukushiwo abantu abakhulile noma abagugile. (1)

[6]

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 3

3.1 UR1,50 (1)

3.2 Ngenyanga yokuqala onyakeni (1)

3.3 uMasingana (1)

3.4 Esikoleni/school (1)

3.5 Lisho ukuthi ungachithi isikhathi/ uzolahlekelwa uma ungasheshi usukume. (1)

3.6 Umfundi angasho noma yini echaza ukuthi angayenzani imali.
Isibonelo: Ngingathenga izingubo zokugqoka/ ngingachitha isikhathi nomndeni wami/nabangani bami sithenge ngayo/ ngingathenga izincwadi zesikole/ ngingayigcina ebhange/ ngingaqala ibhizinisi. **Nokunye okunembayo**. (1)
[6]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU B UKUFINQA

UMBUZO 4

- Le ndaba yenzeka esikoleni eVulamehlo High School ngosuku lokuvalelisa abafundi bakamatikuletsheni.
- **Umlando wombhali mhla efika kulesi sikole**
  Umbhali waqala kulesi sikole ngonyaka ka 2016 ezofunda ibanga lesishiyagalombili. Abafundi nothisha bamamukela kahle bamusekela emsebenzini wesikole.
  Umbhali uyazwana nabafundi. Usebenzisana kahle nesekela lakhe njengoba engumholi wabafundi nje. Uyakujabulela ukuba sekilasini likaNkosikazi Mageba washo nokuthi uzomkhumbula uma esehambile esikoleni.
  Umbhali ungumholi esikoleni sakhe. Uzimisele ngomsebenzi wakhe wesikole ngoba uyaphumelela. Uthola amamaki amahle naphezulu.
  Uyala abafundi ngokuthi bafunde ngokuzimisela, balalele othisha.
- **Umbhali nomndeni wakhe**
  Umbhali uyabathanda abazali bakhe. Ufuna ukuba yisibonelo esihle kudadewabo. Ubonga abazali bakhe ngokumkhulisa kahle. Ubaba wakhe wamsiza ukuthi agcine eseyindoda.

[Amagama: 100]

(alindelekile: 50-60)

Ukwabiwa kwamamaki

Ingqikithi	Amaphuzu amahlanu akhona futhi enza umqondo.	(5)
Ulimi	Lusetshenziswe kahle, alunamaphutha.	(2)
Amagama omfundi	Umfundi usebenzise inkulumo mbiko. Uhumushe kahle indaba.	(1)
Amaphuzu	Izinombolo noma amabhulethi.	(1)
Inani	Amagama esephelele ayi-50 kuya kwayi-60.	(1)

Amamaki ayi-10

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU C IZINKONDLO

UMBUZO 5

Inkondlo efundwe ekilasini

5.1 Ngiyinto Yokufika; Ngiyinto Edlulayo. (1)

5.2 Isidalwa esingumuntu ngoba ngumuntu onemilenze emibili futhi ongumfanekiso wobumba ngokweBhayibheli/ imbongi ikhuluma ngayo ngoba isebenzisa igama elithi: "Mina" (2)

5.3 Ifika emhlabeni ngoba uNkulunkulu wadala iZulu nomhlaba kuqala, wadala imvelo wayesedala umuntu ekugcineni/ Umugqa 20 ukhuluma ngomhlaba nendalo lapho imbongi yafikela kuwona. (2)

5.4 5.4.1 Futhi ngiyinto edlulayo. (1)

5.4.2 Okwangendulelay' endulo. (1)

5.5 Umfundi uzobeka ngendlela yakhe, inqobo nje uma kuhambisana nenkondlo. Isibonelo: Imbongi isidlulisela umyalezo wokuthi njengabantu/ sifike lapha emhlabeni sekukhona imvelo/ kufanele siyinakekele imvelo/ kufanele sisebenze kanzima, sidlale indima ebalulekile njengoba nemvelo idlala eyayo indima/ imbongi iyasikhumbuza ukuthi sizohamba siwushiye lo mhlaba ngelinye ilanga kepha kufanele sibambe iqhaza. (1)
[8]

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 6

6.1 Kungenzeka ukuthi abantu abadala/ abantu abafundile/ abantu abanolwazi nasebedlule ezimeni ezithize/ abantu abanesipiliyoni/ amakholwa/ abantu abalaziyo iqiniso/ abefundisi/ abantu abakwaziyo okuhle nokubi/ othisha. **Nokunya okunembayo.** (1)

6.2 Ukwenzasamuntu/ isenzasamuntu. (1)

6.3 Le nkondlo ikhuluma ngenkambo yabantu. Ixwayisa abantu ukuthi kufanele baziphathe kahle ukuze bangahlangabezani nenkinga ngosuku lokwahlulela/ ngosuku lokugcina/ ngosuku mhla umuntu eseshonile. **Nokunye okunembayo.** (2)

6.4 Imbongi ibonakala ingumuntu onamaphutha amaningi/ Izichaza njengomuntu onganaki/ ongalaleli/ Ingumuntu okhohlwayo/ olibalayo kalula/ oyisiwula/ ozingabazayo/ ononembeza obuthuntu/ ogxekayo/ ongamukelekile/ ongeneliseki. **Nokunye okunembayo.** (2)

6.5 Ekuqaleni imbongi ikhombisa umoya wokuzisola ngamaphutha ayo/ umoya wentukuthelo/ umoya wokugxeka. Imbongi ikhombisa ukuzisola ngoba iyaxolisa kodwa igxeka uNkulunkulu uma engakwamukeli ukuthi inamaphutha futhi ikhombisa intukuthelo. (2)

6.6 Qhathanisa lezi zinkondlo ngaphansi kwalezi zihlokwana bese **usekela impendulo yakho.**

6.6.1 Zombili lezi zinkondlo zingamaSonethi ngoba zinemigqa eyishumi nane (eyi-14). (2)

6.6.2 Inkolo ngoba inkondlo A ikhuluma ngosuku lokwahlulela okubhalwe eBhayibhelini, inkondlo B imbongi iyathandaza. **Nokunye okunembayo**. (2)

[12]

UMBUZO 7

7.1 7.1.1 yingoma (1)

7.1.2 njengengqakala (1)

7.2 7.2.1 Imvumelwano siqalo
O……
O……
Imvumelwano eyeqanayo.
Yi……
……
Yi……. (2)

7.2.2 Ukuxhumana sigcino
…… yakho (1)
…… yakho (1)

7.3 Ifanangwaqa (1)

7.4 Impindwa (1)

7.5 Le nkondlo inezitanza ezinhlanu/ eziyi-5
Inemigqa engamashumi amathathu nambili/ eyi-32
Imigqa yale nkondlo iyisikhombisa esitanzeni sisinye ngaphandle kwesitanza sokugcina. **Nokunye okunembayo.** (2)
[10]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2020

ISIQEPHU D UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 8

8.1	8.1.1	la mantombazane/ amantombazane	(1)
	8.1.2	okumnandi/ kamnandi	(1)
	8.1.3	kakhulu	(1)
8.2	8.2.1	umpheki	(1)
	8.2.2	umdansi	(1)
8.3	8.3.1	otshwaleni	(1)
	8.3.2	emsakazweni	(1)
	8.3.3	emehlweni	(1)
	8.3.4	kubangani	(1)
8.4	8.4.1	Amantombazanyana	(1)
	8.4.2	iqodlwana	(1)
	8.4.3	Izingutshana	(1)
			[12]

UMBUZO 9

9.1	9.1.1	Mina ngiyagijima nsukuzonke bese ngiyabhukuda/ ngibhukuda.	(1)
	9.1.2	USuzan ufaka isigqoko mhla ezogibela/ egibela ihhashi lakhe.	(1)
	9.1.3	Abafundi bayazilolonga ukuze baphumelele.	(1)
9.2	9.2.1	lami	(1)
	9.2.2	bakhe	(1)
9.3	9.3.1	yona	(1)
	9.3.2	wona	(1)
	9.3.3	wona	(1)
9.4	9.4.1	Imidlalo ithandwa ngabantu abasha.	(1)
	9.4.2	Ihhashi elimhlophe lithenjwa nguSuzan.	(1)
			[10]

IEB Copyright © 2020

UMBUZO 10

10.1 10.1.1 Intamo yakhe **ayiyincane**. (1)

10.1.2 Umfanyana **akaphakamisanga/ akawuphakamisanga** umlenze kakhulu. (1)

10.1.3 Umzimba wengane **awuzukhula/ awuzukukhula**. (1)

10.2 10.2.1 ikhanda/ idolo (1)

10.2.2 isisu/ isifuba/ isandla (1)

10.2.3 umlenze/ umzimba (1)

10.2.4 unyawo (1)

10.2.5 intamo/ ingalo (1)
[8]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2020